

ZITHOBE

 [UMfowethu Neville wethula uMfowethu Branham—Umhl.]
Lokhu kuyethusa. Ngikholwa ukuthi bengingenza isimemezelo-ke, “Kungaba neziphiwo ezithize: zami ngicabanga into enjengaleyo.” [UMfowethu Branham nebandla bayahleka.]

² Ngiyakujabulela ngempela ukuba lapha ngaso sonke isikhathi. Uhambo lwethu selusondela ngasekupheleni manje, lwethu sihlezi nani. Isizathu, sinomunye umhlangano ozayo khona nje eChicago, futhi ngizofanele ngibuyisele um-mndeni eArizona masinya nje. Futhi abakaze babeneholide labo lasehlobo namanje, futhi ngifanele ngibathathe bagibebe kancane baye ndawondawo, ezinsukwini ezimbalwa. Ngizobe-ke mhlawumbe ngingabibikho olulodwa, usuku olulodwa, elinye lamaSonto, bese kuthi-ke ngeviki elilandelayo ngiqala eChicago. Bese-ke ngidingeka ngibuye ngiqonde ngqo, ngoMsombuluko, bese ngibayisa eArizona.

³ Futhi manje ngiyakuzonda nje ukungenela iSonto ekuseni, ngithathe lesosikhathi lapho wonk’umuntu ehlumelelekile. NgeSonto ebusuku, uhlala njalo ukhathele futhi ukhandlekile, ngeSonto ebusuku; bese kuthi-ke ngibuyisela inkonzo yangeSonto ebusuku kumelusi wethu, lolo ku-lokho kuthi ukuba kubi. Kodwa ngiyakuzonda ukwenza lokho, futhi nokho ngeSonto ebusuku ngingathanda, ngeSonto ebusuku, ukuba nenkonzo yangeSonto ebusuku, bese-ke ngihlalisa abantu kube leyithi kakhulu. Abanangi babo bangena lapha bevela le ezansi eningizimu na-nale enyakatho, futhi banokuthi, o, ngezinye izikhathi bashayela imini nobusuku, ukuba nje bafike lapha ngenkonzo eyodwa, bese bebuyela emuva. Futhi yingalesosizathu ngizama ukuyenza ngeSonto ekuseni, uma ngifikasi, kubanika ithuba lokubuyela emuva.

⁴ Ezithembekile, izihambi ezithembekile, ngizithokozela kanjani pho! Zishayela likhithika, imvula, nayo yonke enye into, ukuba zifike lapha, zinqamula izwe, amakhulu amamayela, ngenkonzo eyodwa nje encane. Ngakho kungenza ngizizwe nginokubonga kuNkulunkulu, nakulababantu, ngokwabo okukhulu—ngokwesekela kwabo okukhulu, kulokho engizama ukukutshela, kabantu, ukuthi kuyiQiniso.

⁵ Manje, ngikholwa ukuthi leli yiQiniso, ngi...ngayo yonke inhliziyo yami. Uma bekukhona noma yini ehlukile, engicabange ukuthi ibingcono, bengi—ngiyothi ngempela kuqala ngiye...ngeke ngicele noma ubani ukuba aye noma kuphi engingayi khona kuqala, ukuthola ukuthi kuqinisile noma qha. Ngingecele noma yimuphi umuntu ukuba—ukuba enze isinyathelo, kuNkulunkulu, ebengivele ngingakasenzi futhi

ngazi ukuthi siyiQiniso. Kuqala, kufanele kube yiZwi leNkosi, bese-ke ngifanele ngithathe isinyathelo futhi ngibone ukuthi siqinisile yini. Bese kuthi-ke uma siqinisile, khona-ke ngingathi, “Yenyukela *ngapha*.” Niyabo, senza indlela.

⁶ Futhi, manje, ngicabanga ukuthi noma yimuphi umfundisi ubefanele enze lokho, ubefanele kuqala ahambe, yena uqobo. Ufanele ukuba ngumholi, umholi wabantu, hhayi ukuba akhulume ngento angeke abeka isandla sakhe kuyo, yena uqobo. Sifanele siye lapho, abaholi babantu.

⁷ Kulokhu ukusa, ngibe nesiyingaba ngempela, isehlakalo esixakile lapha epulpiti. Futhi leso bekuyi, mayelana nengxenye yokugcina yoMlayezo, bengingahlosile ukukusho ngaleyondlela. Niyabo? Kodwa ngiqagele sekuvele kushiwo, futhi ayikho into engingayenza ngakho manje. Kodwa manje-ke ngiye ekhaya, ngifanele ngitadishe ngakho.

⁸ Futhi ngibe nomndeni omncane ophinde wahlanganisa namhlanje, womfowethu nje nabo. Umama sewashona. Futhi sasivame ukuhlangana endlini yakhe, futhi manje siya enhla kwaDelores. Sibe nesikhathi esimnandi enhla lapho kulentambama, sixoxa, noTeddy ubekhona. Sacula amaculo, sadlala amahubo nezinto.

⁹ Manje ngicabanga ukuthi, mhlawumbe ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda, uma uMfowethu Neville engenandaba, manje ngithanda ukuba nenkonzo yokuphilisa, enikelwe nje kuphela ukuphilisa. Futhi ngi—futhi ngicabanga ukuthi, ngoMlayezo kulokhu ukusa, indlela iNkosi ebonakale ingihola ngayo ukuba ngiWulethe, ngiWukhiphe, ubufanele uthi ukusikhuthaza kancane, niyabo, uku—uku—ukukholwa ngempela. Si—sihambe sidlala, futhi si—sicabanga izinto ezechlukile futhi sixoxe ngazo. Kodwa manje-ke uma sekusa kwelamanqamu, leyo yinto ethizeehlukile. Njenge . . .

¹⁰ Omunye ubengioxela, ngikholwa ukuthi bekungumfowethu emuva lapho, ubexoxa i—indaba encane namhlanje, ngendoda, u—umfundisi nelakhe . . . abanye ba, elinye lamabandla akhe. Futhi wathi uyakwazi ukuhambisa ugodo.

Wathi, “Melusi, impela, iNkosi inawe.”

Wathi, “Ngingalwetshatha ugodo emhlane wami, uma ngiweла.”

“Impela, iNkosi inawe.” Wayesehamba wayesekwenza.

¹¹ Wathi, “Ngingaluthwala ugodo, bese ngigquba ibhala ngiwele, ngesikhathi esifanayo.”

¹² “Impela, Melusi, iNkosi inawe. Ukukholwa kwakho kungenza noma yini.”

¹³ Wathi, “Ngingakufaka ebhaleni, bese ngithwala ugodo.”

Wathi, “Manje awume kancane!” Niyabo?

¹⁴ Kwehlukile uma ufa kwa kulo, wena uqobo. Niyabo? Manje, lokho, kuhle kakhulu kithi ukuba sithi lapha, "Amen." Kuhle kakhulu kithi ukuba sithi, "Ngiyakhola ukuthi lokho kuqinisele." Kodwa manje-ke kwenze. Uzofanele ukwenze.

¹⁵ Njengoba ngilethe leyonkulomo-mbiko kulokhu ukusa, abantu wayelele esithunzini sikaPetru, abazange bacele ngisho nomkhuleko.

¹⁶ Ngike ngangena emakhaya amaningi, ngibhekisia lokhu. Ngikhuleke ngaphambi kokuba nqihambe, futhi nje ngingene lapho nogcobo, futhi ngingakhulekeli ngisho abantu, futhi ngiphume futhi bayaphiliswa. Niyabo? Niyabo? Kunjalo. Ngikubonile kwensiwa izikhathi eziningi kakhulu! Niyabo? Ufanele ube nandawo ndawo lapho obeka khona ukukholwa kwakho. Niyabo? Ufanele ukukholwe. Futhi ngikhola ukuthi ihora liyasondela, futhi manje sekuyilo.

¹⁷ Futhi ngiyaqonda ukuthi lena akusiyo inkonzo yamateyipu. Bangahle bazenzele encane, kodwa lena akusiyo iteyipu ephumela ezweni lonke. I...

¹⁸ Lokhu ebengikhuluma ngakho kulokhu ukusa kusikhuphulele ngqo o-ovuthwondabeni, futhi yingalesosizathu ukuthi ngizothatha iSonto elizayo libe yi-yi-yinkonzo yokuphilisa. Ngoba, selokhu ngibe sekhya, nqinitshelile ngemibono nokuthi kwenzekeni, nayo yonke into, futhi ngakukhuphula ngqo, ukuthi kungani ngenze zonke lezizinto. Futhi manje-ke kulokhu ukusa, ngikukhuphula ngqo manje kuya kulowoMdonsco wokugcina.

¹⁹ Manje sekuyisikhathi sami sokuzehlukanisela uNkulunkulu; isikhathi sikaNkulunkulu sokuba akhulum kimi. Niyabo, nqi-nqi-ngifanele nje ngibe noguquko oluncane empilweni yami uqobo. Hhayi njengoba ngicabanga ukuthi ngingomubi, kodwa nqi-nqifuna ukuzizwa ngisondela kakhudlwana impela kabantu. Niyabo?

²⁰ Abantu engizame ukubatshela leliQiniso leVangeli, futhi bayalifulathela, futhi basuke bahambe futhi baLihleke. Manje, kimi, lokho kubonakala sengathi kuyisethuko. Anginandaba, kimi; kodwa ezintweni ebengizisho, LiyiQiniso elizama ukubasiza. Njengokupusha isikebhe, futhi uthi, "Lapha, nasi, welani! Lapha, phumanu kulowomfudlana ophakamayo, nizofa! Nina, nizobhubha lapho!" Futhi bavele nje bakuhleke, futhi basuke bahambe. Awu, kimi, kuzwakala sengathi, uma besuka bahambe, akusekho okunye engingakwenza ngakho, niyabo, engingakwenza.

²¹ Kodwa ngifuna ukugijima ngehle ngogu manje futhi ngibabonise, "Buyani!" Niyabo, ngifanele ngibe nalokho kuzizwela, niyabo, ngoba ngiyazi kunomuntu mumbe phandle lapho ongakangeni na manje. Futhi nqi-ngizodoba kuze...

Wathi, kuze kubanjwe inhlanzi yokugcina. Ngifuna ukwenza lokho.

²² Manje, namanje, ukuze ngenze lokhu, ngibheke into ethize ukuba yenzeke emhlanganweni womkhuleko. Into ethize... Futhi abanangi benu bayawukhumbula umbono wo—woMdonso wokugcina, lowoMdonso wesiThathu, njalo. Niyakhumbula, kwakukhona into ethize eyenzeka ngaphambi nje kwalowo: ngibone lokho kuKhanya kufika futhi kwehlela kuleyondawo, futhi kwathi, “Ngiyohlangana nawe lapho.” Manje ngibheke into ethize ukuba yenzeke.

²³ Lapha eminyakeni eyadlula, kwakuvame ukuthi izinkonzo nalokho kubona okufihlakele kungenze ngiphele amandla kakhulu ngize ngidiyazele. Abanangi benu bayakukhumbula lokho. Ukufinyelela endawaneni nje ebengingama kuyo futhi ngibe noJack Moore ngakwenye ingalo, noMfowethu Brown ngakwenye, futhi bangehlise bangenyuse nomgwaqo, ihora emva kwenkonzo. Futhi ngavele nje, kwenzeka, ngangizama ukucabanga ngokuthi ngangikuphi—kuphi nokuthi kwakwenzekani. Manje-ke, bonke ubusuku ngalala lapho futhi ngicabanga ngakho, futhi nginesilokozane nayo yonke enye into, futhi ngimangala ukuthi kungani bengayemukelanga iNkosi yethu uJesu.

²⁴ Yase-ke Ingitsela umbono, “Ngesinye isikhathi uyohlangana nenenekazi eliyoza kuwe, ligqoke isudu ensundu, futhi liyobe liphethe ingane encane ngoblanke, futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, uyoba namandla uqine ube namandla kakhulu.” Awu, nganitshela konke lokho. EChicago kwenzeka, ngalobo busuku ngenkathi inenekazi elincane eliyiPresbyterian, ngenkathi umelusi walo uqobo elithumela ezansi lapho nengane.

²⁵ Futhi ngikholwa ukuthi kwakungumfowabo, noma omunye wabo, wayengu—ngudokotela. Wathi, “Alikho ithemba ngengane ngaphandle uma uNkulunkulu uSomandla eyithinta.” Waya...

²⁶ Lahamba lase litshela umelusi walo. Umelusi wathi, “Angi—ngifanelekile,” wathi, “uku—ukusebenza phezu kwalokhu ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngoba angi... nje anginakho phakathi kwami, ukukholwa okukuthathayo ukukwenza.” Manje, lokho, lokho ngukuba nobuqotho ngakho. Niyabo? Wathi, “Anginakho nje kimi.” Wathi, “Kodwa ngangikomunye wemihlangano kaMfowethu Branham, futhi bengingakweluleka thatha ingane uiyise kuMfowethu Branham.” Nodokotela wayeseyidelile, futhi yayizofa.

²⁷ Nenenekazi elincane lahamba langena lapho lapho enganginohlobo oluthize lwe—lwenkonzo yalabo bantwana abancane beKatolika ababethole ukuthi bashe, kulesosikole enhla lapho, niyazi. Niyakhumbula ukuthi kwakunini. Sasinaleyonkonzo, futhi owehlela emsamo ngqo kuza

lelonenekazi elincane ligqoke isudu ensundu. Umkami nabo wayehlezi lapho, ngase ngithi...ngaphenduka ngase ngibuka, ngase ngiqalaza macala onke, nokubona ukuthi ngabe babemi lapho yini. Futhi kwenzeka ukuba kube, ukuthi ngaphambi nje kokuba ngenyuke, ngikholwa ukuthi uBilly Paul nabo babekade bexoxa, noma unkosikazi noma omunye wabo, enenekazini elinengane encane. Nenenekazi lenyukela emsamo, noMoya oNgcwele wayembula yonke into, futhi waphilisa ingane lapho.

²⁸ Ngasuka ngahamba, futhi selokhu kwaba ngaleyonkathi angikutholi nje ukukhathala. Niyabo, akungikhathazi, futhi ngi—ngivele nje ngqo ngiqhubeke ngiqhubeke.

²⁹ Manje ngibheke into ethize ukuba yenzeke, futhi kuqale lowoMdono wesiThathu kumaka. Niyabo? Futhi kungahle kube yinkonzo yasekuseni yokuphilisa yangeSonto elizayo, mhlawumbe iveze lokho. Angazi.

³⁰ Ngicabanga ukuthi, okwethu ukuba sikwenze, bekungaba ngukutshela abantu benu, ukuba bathole abantu abagulayo. Manje, okwenkonzo yokuphilisa, sifanele sizahlukanisele abantu abagulayo. Tholani abantu benu abagulayo, futhi nibalethe lapha kuse eli ngeSonto elizayo ekuseni, asithi cishe ngelesishiyagalombili noma ligamenxe elesishiyagalombili, futhi sizobavumela babanike ikhadi lomkhuleko lapho bengena emnyango, noma bakwenza kanjani. Futhi manje-ke sizoba nomugqa womkhuleko futhi sikhulekele abagulayo, futhi nje sibone ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzani.

³¹ Ngikholwa ukuthi Uzokwenza izimanga uma nje sizoMkholwa, niyabo. Kodwa sizofanele siMkholwe ngalokho manje, ngayo yonke inhliziyo yethu. Futhi ngicabanga ukuthi ihora elikhulu selifikile ukuthi nxax uNkulunkulu, kakhulu kakhulu njengoba besikhulumu kulokhu ukusa, usikhombise okukhulu kakhulu, futhi wasiletha kokuthize...nje kwaze kwafika endawaneni. Ukufuqela ngale nje lelogquma elincane, futhi yilokho kuphela esikudingayo, bese-ke kusuka kuhambe. Niyabo, u—ukuhamba njengoba kwakunjalo nje, into efanayo, nokubona okufihlakeleyo, into efanayo ngokwesiprofetho, ukubhekisisa.

³² Ngangimi eCalgary...Ngiyaxolisa, kwakuyidolobha eliyindlovukazi, ezansi eRegina, Regina. NoErn Baxter wayemi lapho, nesigejane sethu. NeNkosi yayingitshelile, khona lapha emsamo, "Kuyofezeka, uyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo." Futhi kunjalo. Futhi angizange ngicabange ngalokho ngaleyondlela. Ngenyukela emsamo ngalobo busuku, noErn, futhi nje ngaqala ukukhulekela abagulayo. Futhi nakhu kufika indoda ihambisana, yavele nje yayeneka yonke impilo yayo; okokuqala ukuba kuze kwenzeke kanjalo nje, ngesikhashanyana, enkonzweni yokuphilisa. Ngase-ke ngibuka phezu kwezethameli, futhi nakhu Kuqala ukwehlela phezu kwezethameli nezinto. O, uma sesifika ngaphesheya! Inxenyne

ayikaze ixoxwe namanje, ngezinto, ukuphuma futhi ngibone izinto empilweni yabantu. Angisho lutho ngakho. Ngivele ngikuyeke kanjalo nje, niyabo, ngaphandle uma ngiphoeke ngempela ukuba ngisho okuthize.

³³ Futhi manje ngibheke lokhu okulandelayo ukuba kuqale kanjalo. Niyabo, uNkulunkulu, ngendlela yaKhe uQobo, isikhathi saKhe uQobo sokuzibuso, ukukuqala. Futhi kuzoba—kuzoba ngenye into ezoba yi—ba yindlela engaphambili le kwanoma yimuphi walaba abanye abantu. Niyabo? Futhi ngibheke lokho ukuba kwenzeke.

³⁴ Futhi mhlawumbe, o, ngacabanga, ukuba benginenkonzo encane yokuphilisa mhlawumbe ngeSonto elizayo. Bese kuthi-ke ngeSonto elilandelayo mhlawumpe ngizobe ngingekho nabantwanyana nabo, ngoba bafanele babuye futhi baye esikoleni. Bese kuthi-ke ngeSonto elizayo, mina, kusobala, ngisenhla eChicago, emhlanganweni enhla lapho. Bese kuthi-ke ngibuye ngoMsombuluko olandelayo, ukuba ngisuke ngoLwesithathu ngiye—ngiye eArizona, ukuba abantwanyana babuye esikoleni.

³⁵ Awu, utholeni, melusi na? [UMfowethu Neville uthi, “Awu, ngithole into exake kabi.”—Umhl.] Kuhle, lokho kuhle kakhulu, manje sifuna ukuzwa ngakho.

³⁶ Ngakho manje i—iNkosi inibusise nonke, kahle, kahle ngempela. Futhi ngi—ngithemba ukunibona lapha ngeSonto elizayo. NangoLwesithathu ebusuku...

³⁷ Futhi lalelani. Ningawakhohlwa lamabandla amancane, njengoMfowethu Ruddell, uMfowethu Jackson, uMfowethu Parnell, nabo bonke labobazalwane abancane abazabalaza kanzima phandle lapho, niyabo. Futhi azizwa sengathi singudade wawo—wawo—walelibandla lapha, niyabo. Sithi ukuba njengeqembu elingumama omncane kuwo. Yilapho azalelwak hona, ephuma lapha, abelusi kanjalonjalo.

³⁸ Nalomfo omncane emuva lapha, umfowethu, ngahlangana naye ngobunye ubusuku laphaya, uAllen, uMfowethu Allen omncane. Ngithemba ukuthi uMfowethu Collins lapha uzothola ukwazana noMfowethu Allen, uma engamazi. Bobabili bangabefundisi beMethodisti, futhi u—ulibonile iQiniso leZwi.

³⁹ Okungukuthi, i—inhlanguano yebandla leMethodisti, okuyisigejane esikahle sabantu kulelobandla leMethodisti. Ningacabangi neze ukuthi abanjalo. Banjalo. Bayisigejane esikahle sabantu kulelobandla eliKatolika. Bayisigejane esikahle ebandleni lePresbyterian. Nazo zonke lezozindawo lapho, ngabesilisa nabesifazane abalindele ukubona lokho kuKhanya kubaneka phezu kwendlela yabo yezinyawo. Yibani nje nilokhu nibanekisa ukuKhanya, ngokuthobeka, ubumnandi. Sonke asikhule sisondele kakhulu kuNkulunkulu, ngokuzithoba kwethu uqobo. Niyabo?

⁴⁰ Ningakhohlwa, lelitabernakele lizolahlekelwa ukuqina kwalo. Khumbulani ukuthi lesi yisikhungo sokuhlaselwa lapho uSathane enazo zonke izibhamu esihogweni ziqeleshelwe kuso. Uyobangela umuntu oyedwa ukuba enze okuthize okuphambene nalokho omunye akucabangayo. Wenza lokho. Ulandelana nakho. Lowo ngumsebenzi wakhe, uma engathola umuntu mumbe ukuba ashо into ethize, umuntu mumbe ukuba akhulume ngomunye, athi, “Awu, lalela, ubuwazi ukuthi uS’bani-bani wenza na?” Ningakulaleli. Ningakulaleli, nhlobo. Lowo ngudeveli. Niyabo, nguSathane. Ningakukholwa.

⁴¹ Uma kukhona noma yini eyenziwe ngumuntu mumbe eyiphutha, bakhulekeleni. Futhi ningakhuleki ngendlela yobugovu, uthi, “Ngiyazi kungumsebenzi wami, ngifanele ngimkhulekele lowayamfowethu.” Kuyise enhliziyweni yakho, phansi ngempela, ngalowodade. Futhi khuluma nje futhi ube nomoya omnandi ngempela, nento yokuqala uyazi, ubathola bebuyaela ngqo enkonzweni futhi. Niyabo? Isizathu, empeleni, sibheke ngasekushoneni kwelanga.

⁴² INKosi uJesu izobe iza ngolunye lwalezizinsuku. Futhi, niyazi, ngicabanga ukuthi kuyoba ngokuzumayo kakhulu nokumnandi kakhulu—kakhulu, futhi ngakho kuyoba nekhulu per...okukodwa kwekhulu ekhulwini elilodwa lamapesente omhlaba wonke akusoze kwazi nxa lolohlwitho lwenzeka. Luyohamba ngokuthula kakhulu ngangokuthi akukho-muntu oyokwazi lutho ngalo. Niyabo?

⁴³ Futhi kuyobakhona, kusobala, amaqembu amancane ayothi, “Awu, manje, uS’bani-bani?”

⁴⁴ “O, bathi kunesigejane sezinhlanya laphaya, bathi iqembu lasuka laphaya, futhi ba...Lokho akunjalo. Baye ndawo ndawo nje. Sibe nabo lobobuhlanya, niyabo.”

⁴⁵ “Awu, bathi lelotabernakele elincane, endaweni ethiwa yiJeffersonville, kwakunabanangi kakhulu balawo malunga elilahlekile.”

⁴⁶ Niyabo, bayakudlala nje lokho. Bayothi, “O, akukho lutho kulokho, niyabo,” kanjalo, futhi Kuyodlula futhi abayikukwazi.

⁴⁷ Esizweni sonke, luyofika, labo abafele kuKristu bayovuka kuqala. UHlwitho luyokwenzeka, iBandla liyoyiswa eKhaya. Kuyobe-ke sekungena ukuHlupheka, futhi, o, he, asifuni ukuba lapha ngalesosikhathi. Angifuni ukuba lapha ekuHluphekeni. Qhabo. UNkulunkulu angavumi ukuba noma ubani wethu ake aze abe lapha ngalesosikhathi. Ngoba, “ongcolileyo makazingcolise njalo; ongcwele makazingewelise njalo; olungileyo makenze njalo okulungileyo.” Akukho...IWundlu laliphume neNcwadi yaLo yokuHlengwa, noMlobokazi ukhishiwe. Labo abaKwalayo uzofanele edlule kuso isikhathi sokuHlupheka, bobabili umJuda noweZizwe. Isikhathi esinje pho sokuHlupheka! Angikufuni lokho.

⁴⁸ “Nkosi, ngingcwelise manje.” Leyo yimfundiso enhle yomNaziri, akusyo na? [UMfowethu Neville uthi, “Amen.”—Umhl.] Futhi iqinisisile, futhi. Iqinisisile. Kunjalo. “Ngicgwälise manje ngoMoya waKho oNgcwéle, Nkosi. Khiphlonke izwe kimi manje, Nkosi. Unga—ungasidedeli sibe ne...”

⁴⁹ Njengoba umfowethu omdala oyikhalathi wathi, “Mnumzane, nginethikithi lami esandleni sami. Selivele liqhafaziwe. Uma sengiza ngehlela emfuleni, ngalokho kusa, angifuni nkathazo.”

⁵⁰ Ngakho, lokho kuthi akube ngokuqinisileyo, angi—ngifuni nkathazo. Bamba ithikithi lakho ngesandla sakho, ngoba siyawela. Kucabangeni nje, isikhathi esikhulu sokuhlengwa sesisondele.

⁵¹ Futhi manje enye into. Umfowethu, ubani igama lakhe, enhla lapha eUtica na? Ngicabanga ukuthi uMfowethu Graham, nomunye umfowethu lapho owlusa lapho. UMfowethu Shanks noma into efana naleyo, noma uSink? [UMfowethu uNeville uthi, “UMfowethu Snelling.”—Umhl.] UMfowethu Snelling ungumelusi, ngakho konke. UMfowethu Snelling ungumelusi enhla eUtica manje. Ngicabanga ukuthi umhlangano wabo womkhuleko ungo...[“Lwesine ebusuku.”] NgoLwesine ebusuku. Manje, niyazi, bekungaba kuhle ngempela ukuba besizothi shelele senyukele lapho ngoLwesine ebusuku futhi sikhombise labobafo inhhlanganyelo encane. Niyabo? Bese kuthike uma uMfowethu Jackson, izikhathi aneyakhe ngazo, uma besingathola nje iqembu elincane lethu sindawonye futhi sihambe.

⁵² Qhubeka nje ukhuleka, qhubeka umba! Ya, ungami. Kufana nje nangenkathi uElija ebatshela, wathi, “Yimbani imigodi phandle lapho!”

Uma ufika phansi, uzithele ekanini elidala lethini, uthi, “Sengikhathethe kakhulu”? Lintshinge ulikhiphe endleleni bese uqhubeka nokumba. Niyabo? Qhubeka nje umbe, ngoba sifanele simbe. Sifanele simbe nje, yilokho kuphela. Isizathu, uma u—uma ubheke ukugeja ukuHlupheka, kungcono uqale umbe.

⁵³ Manje, ngesingami, ngishumayela kimi uqobo lapho. Ngizoqala ukumba ngijule kunoma ngake ngamba. Ngoba, ngizwa kanjalo, esizweni nasezweni jikelele, ukuthi lenkonzo izophinda, njengoba yaziwa manje cishe ndawo zonke ezweni lonke. Ngi—ngifanele ngihambe futhi.

⁵⁴ Unkosikazi wathi kimi... Ngokunye ukusa, ngathi, “Ngifuna uhambe nami uma sengihamba. Ngizohamba lapha kuJanuwari, iNkosi ithanda. Ngifuna ukuthatha uhambo lwezwe oluphelele, konke macala onke; ngibuye futhi mhlawumbe ngibe nezinkonzo eUnited States, ngesinye isikhathi ehlobo elizayo.”

Wayesethi, “Sengimdala kakhulu ukuba ngihambe.”

⁵⁵ “Awu,” ngathi, “Ngihambe ngenkathi ngi...cishe uhumbo lwami lokugcina phesheya kwezilwandle, cishe iminyaka eyisishiyagalombili edlule, futhi ngizizwa sengathi ngisesimweni esingcono manje kunoma nganginjalo eminyakeni eyisishiyagalombili edlule, niyazi. Niyabo? Sengazi kakhulu ngakho manje.”

⁵⁶ Sase-ke singena odabeni, “Ukuba iNkosi yathi, ‘Ngizokwabela iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu Awuzukuba buthakathaka. Uzokwazi ukuhamba, futhi Ngizokwabela iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu emhlabeni,’ ubungathatha kusukela—kusukela ekuzalweni kuya emashumini amabili-nanhlanu, noma kusukela emashumini amabili-nanhlanu kuya emashumini amahlanu, amashumi amahlanu kuya emashumini ayisikhombisa-nanhlanu, noma amashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuya ekhulwini na?”

⁵⁷ Manje, noma yimuphi umuntu owabelwa noma yisiphi isikhathi emhlabeni, bekungaba ngempela yinto engubudedengu kakhulu uma engasisebenzisi lesosikhathi enkonzweni kaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi wenzani.

⁵⁸ Manje, uma uzoba ngukudabula inhlizyo kwabesifazane, noma kanjalokanjalo, kungcono uthathe leyominyaka yobusha, lawomashumi amabili-nanhlanu okuqala. Uyabo?

⁵⁹ Uma uzoba ngummbazi, umakhenika, noma okuthize, kungcono uthathe amashumi amabili-nanhlanu esibili. Uyabo?

⁶⁰ Manje-ke ngangicabanga ngokuthi, “Mina-ke? Ngizothathaphi na?” Beningathatha amashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuya ekhulwini. Beningaba ngosmati kakhulu, ohlakaniphe kakhulu. Beningazinza kakhulu ngokwedlulele. Beningazi kakhulu ngokwedlulele ngalokho engikwenzayo. Nginesumi, isishiyagalombili noma ishumi, iminyaka ngimdala kunangesikhathi esedlule ngiphesheya kwezilwandle. Ngingeke ngagxumela phakathi sengathi ngibulala izinyoka. Ngizokwazi okuningi ngokwedlulele ngakho, niyabo. Ngiyazi ukuthi kanjani.

⁶¹ Kufana nenja esabhere ilwa nesilwane esisabhere, niyabo. Uyazi mayelana nokuthi sibanjwa kanjani. Ungagxumeli phakathi lapho; ikuklwebhe. Uyabo, yazi amaqhingga aso bese uyasibhekiswa ukuthi senzani. Futhi sifunda okuningi ngokwedlulele ngesitha. Ngakho sifanele sithole konke ngamasu aso okwenza umsebenzi othile, nokuthi sisondela kanjani, nokuthi senzani, futhi ufunde izibhakela zaso, khona-ke ukuqequeshelwe ukusingenela, niyabo.

⁶² “Ngakho ngiyakholwa manje,” ngatshela unkosikazi, “Ngikholwa ukuthi ngisesimweni esingcono manje kunoma nganginjalo ngenkathi ngangineminyaka engamashumi amane ubudala, futhi ngawela.” Niyabo, futhi senginamashumi amahlanu-nane. Futhi ngiyakholwa, uma ngiphila futhi

ngingabe ngilokhu ngisakwazi ukuhambahamba kahle njengoba ngingenza manje, uma nginekhulu, uma ngi...ukuba uJesu ubengalibala kade kangako, bengiyoba sesimweni esingcono kunoma nginjalo manje, ukuba ngihambe. Niyabo? Ngoba, wazi okuningi ngokwedlulele ngakho, wazi okuningi ngokwedlulele ngokuthi yenzani, nokuthi kuphathwa kanjani, ukuthi siphathwa kanjani isimo.

⁶³ Thatha inqwaba yabantu manje, uma bezohlinzwa. “Bathi udokotela omusha owayesanda kwethweswa iziqu ngoluny’usuku, futhi osanda kuphuma esikoleni sobudokotela. Ongakaze abe nokuhlinza namanje. Akakwenze.”

⁶⁴ “O, qhabo,” ubungathi, “akukho okwenzayo. Hhayi lowomfo. Qhabo, mnumzane. Nokho, qhabo, impela. Angimfuni abeke-mese kimi. Awu, ngingaqoka ukwehlela lapha futhi ngithole uS’*bani-bani*. Ngizwa ukuthi usebe nenqwaba yokuhlinza. Uyazi ukuthi kwensiwa kanjani.” Yilokho-ke, niyabo. Yilowo umqondo.

⁶⁵ Ucabanga ngalokhu, kodwa uthini ngalowomphefumulo na? Ngifuna umuntu mumbe owaziyo ukuthi bakuphi, nowaziyo umgwaqo; oseke wawuhamba. Yebo, impela.

⁶⁶ INkosi inibusise. Kulungile, Mfowethu Neville, sukuma lapha manje. Futhi uNkulunkulu akubusise Mfowethu Neville. Ningakhohlwa manje, ngeSonto elizayo.

⁶⁷ [UMfowethu Neville ukhulumma ngoMfowethu Branham noMfowethu Vayle umzuzu owodwa, manje-ke usethi, “Futhi kuyangithokozisa ukwemukela abefundisi bakaNkuLunkulu, ikakhulukazi ababambisana ndawonye naLokhu, futhi kuKho bendawonye nathi. Kuyangithokozisa ukuzwa kubo.”—Umhl.] Amen. [“Ngakho ngicele uDokotela Lee Vayle, ngathi, ‘Ungakhonzisa uma uMfowethu Branham engakwenzi na?’ NoMfowethu Branham akakwazanga. Angahle ukuba ubekwazi lokhu.”]

Qhabo, angizange. Beningeke ngisho ngikhulume kade kangako.

⁶⁸ [UMfowethu Neville uthi, “Ngakho ngicele uMfowethu Vayle, kulobibusuku, ukuthi angasikhonza yini, uma kwenzeka uMfowethu Branham engazange. Ngoba wazihlanganisa naye emihlanganweni, futhi uyazi ngeNdlela, leNdlela. Futhi siyajabula ukuba noMfowethu Vayle. Ngiyamthokozela futhi ngyiamhlonipha njengoba nje ngenza kunoma yimuphi wabanye abefundisi, futhi njengoba ngenza kubo bonke abanye. Futhi ngakho uma ezoza kulobibusuku futhi akhulume kithi, ngingakuthokozela ukuba yena akwenze.”—Umhl.] Amen. [“UNkulunkulu abusise, futhi asikhulekele uMfowethu Vayle. Abanye benu abakaze bamuzwe, futhi ngithembba ukuthi nizomkhulekela.”] Yebo.

⁶⁹ Bengingafanele ngithathe sonke isikhathi sakhe. Ngiyaxolisa ezethamelini. Bengingazi, nighlezi lapho, ukuthi u...lokhu kulungisiwe. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Vayle.

⁷⁰ [UMfowethu Lee Vayle uthi, "Akulungiswanga. Uthe, uma 'ungakhulumanga.' Futhi wafika." UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Kuhle. Lokho kuhle.

⁷¹ Ngifanele ngimuzwe, qobo lwami. UMfowethu Vayle ukhulume isikhathi esiningi ngaphambi kwami, emihlanganweni, ka—kanjalo kanjalo. Ukwazile ukupathatha imihlangano isikhathi eside, nomfowethu okahle, wenze umsebenzi ophakeme. Futhi ngingeqiniso ukuthi lezizethameli zizabula njalo ukuzwa uMfowethu Vayle uma ekhuluma. INkosi imbusise uMfowethu Vayle.

⁷² [UMfowethu Vayle ukhuluma imizuzu engamashumi ayisikhombisa ngoMarku 16:15-20 neminye imiBhalo, ngesihloko esithi: *Kungani uMarku 16 EngaSebenzanga? Nokuthi Kukanjani, NgoKomBhalo, UkuMenza Asebenze*—Umhl.]

⁷³ Kuningi kakhulu okushiwo ngaze a—a—angangakwazi ukusho lutho ukukwenza kube yinanoma yibuphi ubungcono. Futhi ngikholwa ngokweqiniso ukuthi bekuyiNkosi ekusebenzile lokhu ngoMfowethu Vayle ukuletha lomlayezo, emva kwalokhu ukusa. Isizathu, niyabo, kuzofanele kusebenze ngaleyondlela. Si—siyakwemukela lokho kuvela kuNkulunkulu. Ini, ziningi kakhulu izinto abezisho; ngi—nginezintshumayelo ezingamashumi amabili ezibhalwe phansi lapha, eziphuma kulokho akushilo.

⁷⁴ Bengicabanga lapha ngomfanekiso owodwa omncane ngokwenza, ukwesekela lokho akushilo. Manje, sibuka leliwashi, ukuthola ukuthi sikhathi sini. Ngaphandle uma onke amathuluzi kulelowashi eqondana, elinye nelinye, asisoze sasazi isikhathi esiqondile. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nalokho kuthatha thina sonke, sonke kanyekanye, uma sifuna ukubona uMdonsi wesitThathu ngempela wenzela uNkulunkulu okuthize, ungukuqondana nathi sonke kanyekanye, ukuba sizithobe phambi kukaNkulunkulu futhi sivume isiphosiso sethu, futhi sikhuleke futhi simkholwe uNkulunkulu ngalezizinto.

⁷⁵ Ngikholwa ngeqiniso ukuthi okushiwo nguMfowethu Vayle kuyiQiniso, ukuthi uNkulunkulu akasoze afaka uMoya waKhe kwelingengcwele, elingalungile, ithempeli elingalaleli. Qhabo. Lizofanele lingene nge—ngendlela yokuhlanzwa kwezinhliziyo zethu kuyo yonke inkohliso nobubi, ukuze sibe msulwa phambi kukaNkulunkulu, ukuze Akwazi ukusebenza uMoya waKhe oNgcwele omsulwa ngathi, ukufezekisa lezizinto. Ngi—ngicabanga lokho, uma seniya ekhaya kulobibusuku,

uma nizofunda leyoNcwadi encane kaJuda, nizofunda yonke inqwaba nje manje ngalokho uMfowethu Vayle akushilo. Futhi uthe, “Nginivuselele ukulwela iNkolo abayinikelwayo abangcwele kwaba kanye.” Basuka kuYo. Ukuthi ukanjani umuntu owonakele ingqondo, kanjalonjalo, wayengenile futhi wabakhohlisa basuka e—ezintweni zangempela zikaNkulunkulu.

⁷⁶ Futhi uNkulunkulu angasebenza kuphela njengoba siMvumela asebenze. Futhi kunezinto eziningi kakhulu ezimangalisayo, mina engizishoyo . . .

⁷⁷ Niyazi, abantu bafuna amandla, futhi ngempela abazi ukuthi amandla ayini. Niyabo, ngempela a—abazi ukuthi yini—yini—yini ehambisana nawo. I—indlela eya phezulu iphansi, njalo. Uma ufunamandla bona ukuthi ungathola ukuzithoba okungakanani. Suka nje kukho konke ukucabanga kwakho kwezwe, bese uzithoba phambi kukaNkulunkulu, bese kuthike usunamandla amanangi ngokwedlulele kunomuntu ogijima yonke indawo endlini futhi enze enkulu inqwaba yomsindo; niyabo, ngoba ukwazile ukuzinqoba wena uqobo, futhi uzinikela kuKristu, uyabo, ukuba uzithobe wena uqobo phambi kwaKhe. Lawo ngamandla ngempela.

⁷⁸ Ngikhombise ibandla elizithobile, elizithobe ngempela, hhayi u—ukuzidla; ibandla, eliminandi nje, ibandla elizithobile, ngizokukhombisa ibandla elinokufumana umusa namandla kaNkulunkulu kulo. Kunjalo. Yileyonto okuyithathayo, ukuzehlisa, sizithoba phambi kukaNkulunkulu, sidedela uNkulunkulu nje asebenze ngathi. Akudingeki senze inqwaba yomsindo.

⁷⁹ Ngezinye izikhathi, njengoba kwasho umlimi, waphumela endle nenqola yakhe, futhi, njalo uma eshaya ibhampi, yayivele ingqangqazele nje futhi iqhubek. Kodwa esebuya, washaya ibhampi elifanayo futhi ayibanganga msindo nhlobo, ngoba yayisilayishe izinto ezinhle.

⁸⁰ Ngakho ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube ngokuqinisileyo nje, niyabo, ukuthi sithola ukugewaliswa swi ngezinto ezinhle zikaNkulunkulu, ukuthi isithelo sikaMoya saziwe ngathi. Njengoba ethathisele kakhulu kwabaseKorinte bokuQala 13 lapho, nokuthi kanjani, ukuthi, “Noma nginikela ngomzimba wami ukuba ushiswe, futhi ngibe nazozonke lezizinto, futhi ngingenalo uthando; akulutho, akungisizi ngalutho.” Niyabo, sifuna ukwenza lokho.

⁸¹ Phezu kwezinto zonke, yimiphefumulo yethu yomuntu ngamunye esinomthwalo ngayo phambi kukaNkulunkulu. Niyabo, ngu—nguwe oya eZulwini. Akusikho ukuthi noma ngabe *ngiyahamba*, noma *uyahamba*. Nguwe ohambayo, niyabo, futhi nguwe kuqala. Futhi ufanele ukubhekisise lokhu bese uza ube nomoya omnandi phambi kweNkosi.

⁸² Futhi bengihlala njalo ngithola ukuthi indoda ezithobayo iyindoda uNkulunkulu ayiphakamisayo. Uma uthatha umuntu oqhunsule isifuba sakhe futhi owazi konke, futhi ngeke umtshela lutho, futhi ungozidlayo, futhi—futhi, awu, lowo—lowo ngumuntu ongafiki ndawo neze. Kodwa thatha lowomuntu abazithobayo nohamba ngobumnandi.

⁸³ Ngangikhuluma nendoda ngoluny'usuku, ehlela ibandla nje enhla e...yaphuma enhlanganweni eyayikade ikuyo. Futhi, awu, nguMfowethu Boze, nalawo ibandla ababekade benalo, babekade benalelobandla elikhulu lapho isikhathi eside kakhulu, neNkosi yayibusisa. Kwase kuthi abantu bafika endaweni ukuthi babefuna ukupholisha njengabo bonke abanye, futhi babefuna ukuliphosa enhlanganweni. Futhi ngenkathi benza, kuvele nje...lawo maKristu azithobile phakathi lapho ayengakufuni lokho. Yonke impilo yawo, ayekade efundiswe ukumelana nakho, ngakho asuka kukho ahamba. Manje aseneqembu, neNkosi iwabusisile aseze ayangena, enhla endaweni enkulu manje futhi, okwebandla manje elihlalisa cishe abantu abayizinkulungwane ezine noma ezinhlanu, futhi aseyaqala futhi.

⁸⁴ Futhi eza kimi, ayesethi, "Mfowethu Branham," kuhleziwe khona lapho eofisi, iofisi lebandla, ngoluny'usuku. Wayesethi, omunye wabaholi, uMfowethu Carlson nabo, wathi, "Sifanele senzeni na?"

⁸⁵ Ngathi, "Thola indoda ukuba ibe umelusi wezimvu engenalo udumo kulolonke ihlelo, engowangempela nje olungile, wangokoqobo, onomoya omnandi, umzalwane ozithobile ophila impilo. UNkulunkulu uyokunakekela konke okunye kwakho, niyabo." Ngathi, "Umelusi olungile oyokondla izimvu nje, futhi azithobe nezinto, uNkulunkulu uyokwenza konke okunye. Uma uzo... Thayi omunye omkhulu usiyazi engena, ozobeka *lokhu* ngokuhlelekile, nalokhu kuzofanele kube *kanje*, futhi ohamba esika izinto." Ngathi, "Akusoze kwasebenza. Ufanele ube kukho nje."

⁸⁶ Yilokho-ke, wonke uphisi ebandleni ufanele usebenze ndawonye, futhi kufanele ugcine inxenyenye yakho yawo. Ngakho siyabona ukuthi sikhathi sini esiphila kuso. Singahle sisondele kakhulu kunoma sicabanga ukuthi sisondele.

⁸⁷ Manje, siyamthokozela uMfowethu Vayle. Asimthokozeli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INkosi ikubusise, Mfowethu Vayle. Ngiyabonga. Futhi sibonga iNkosi ngokuletha lomlayezo omkhulu kithi ngalobubusuku.

⁸⁸ Futhi ngithole inothi, emizuzwini embalwa edlule. Omunye wodade ubenento ethize abefuna ukuyisho, ephusheni. Uma uzongibhalela lona nje, dade, ngi—ngi... Umniike amaphupho athize ebelyiqiniso uqobo. Asiwmukeli onke amaphupho.

Qhabo, qhabo. Kodwa uma engakaNkulunkulu, sifuna ukwazi ukuthi nguNkulunkulu ekhulumka kithi.

⁸⁹ Njengayo yonke into ikhulumka ngezilimi, asiyikholwa; kodwa uma kukhona ukuhumusha okufikayo okusitshela into ethize ezokwenzeka, siyayibona yenzeka, khona-ke sibonga iNkosi ngayo. Niyabo?

⁹⁰ Sifuna ukuyigcina ihamba kahle, kamnandi, futhi isohlelweni lweNkosi. Ngakho khumbulani nje, ukuthi inxenye yakho ingahle ibe isipringi esikhulu, noma kungahle kube ngesincane, uthi oluthize oluncane, noma enye inxenye encane, noma isiq esithandelayo, noma kungaba yini, noma kungaba yizinti ebusweni bewashi elikhulu, olusho isikhathi. Kodwa noma ngabe kuyini, kuthatha thina sonke sisebenza ndawonye ngokuzwana neVangeli likaJesu Kristu, ukufezelekisa lokhu.

⁹¹ Cabangani nje! Uma iziphiwo sisikhulu kangaka, esikubiza ngamandla; futhi uPawulu wathi, “Noma nginokukholwa ngangokuthi ngingagudluza intaba, futhi ngingenalo uthando, anginto yalutho.” Kucabangeni lokho.

⁹² Futhi noma sithi, “Awu, noma ngi—ngiqonda...ngifisa sengathi ngabe bengazi iBhayibheli.

⁹³ “Noma ngiqonda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu, niyabo, futhi noma ngisalokhu ngingakwenza futhi ngingenalo uthando, anginto yalutho. Niyabo, angikafinyeleli ndawo namanje.” Niyabo, into enku lu ngukuthi, thanda uNkulunkulu, futhi uzithobe ngalo.

⁹⁴ Manje, impela, emva kwayo yonke leminyaka ngisensimini nasemhlabenji jikelele, futhi ngibona abantu abehlukene, bengifanele ukwazi kancanyana ngesango okungenwa kulo. Futhi uma ufuna ukufinyelela ndawondawo noNkulunkulu, ungalokothi uvumele umoya wokuzidla ukuba uke uze ufile ngakuwe. Ungavumeli-nhliziyo embi ingene. Akunandaba ukuthi noma ubani wenzani, uma benephutha, ungalokothi wakhe ukuzenyeza ngokumelana nalowomuntu. Uyabo? Yiba nomoya omnandi futhi ube nomusa. Khumbula, uNkulunkulu wakuthanda ngenkathi usesesonweni. Futhi uma uMoya kaNkulunkulu ukuwe, uyanthanda omunye umuntu uma esephutheni. Uyabo, bakhulekele nje, futhi nithandane.

⁹⁵ Phezu kwakho konke, thandani uNkulunkulu futhi nithandane. Futhi nizithobe noNkulunkulu nangakomunye nomunye, noNkulunkulu uzosibusisa, futhi kul'khuni ukusho ukuthi Uyokwenzani. Ngokuvamile uma ibandla liqala ukwanda ngezibalo futhi lithi ukuba likhudlwana, noma into efana naley, khona-ke bayasuka kuleyonto yangempela, into yangempela.

⁹⁶ Niyazi ukuthi yini eyafezekisa lezizinto, ngenkathi ngiqala ukuqala neNkosi yabonakala kimi ezansi emfuleni futhi yangitshela lokho na? NoMfowethu Vayle wakubona

lokho, ngiyakholwa, ephepheni eCanada, eminyakeni eminingi edlule, lapho leyoNgelosi yeNkosi ibonakala emfuleni ezansi lapho, kwakusePhephandabeni iAssociated, "UkuKhanya okuyimfhlakalo phezu komfundisi wendawo, esabhapathiza." Futhi—futhi niyazi ukuthi yini eyenza lokho na? Ngenkathi sasinomhlangano wethende ngaphesheya nje komgwaqo, ithende elalihlala cishe, o, abantu abangamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, abefundisi bevela ndawo zonke, futhi bathi, "Mfowethu, woza lapha umzuzu." Ngangisengumfana nje, njengaye, o, umfanyana nje. Futhi bathi, "Ubagcina kanjani labobantu benhliziyo-nye na? Bayathandana baze... Angikaze ngibabone abantu bethandana."

⁹⁷ Leyo yiNkosi. Yilokho lelibandla elasungulelwa phezu kwakho, lolo lokumesaba uNkulunkulu, uthando lobuzalwane komunye nomunye. Ngibabonile ngisho bexhawulana, sebesuka endaweni, futhi bakhale njengezingane, ukuba behlukane. Babethandana kahle kanjalo. Futhi ngangiya endlini yabo ukuyovakasha, futhi izikhathi iBhayibheli lalibekwe livulekile futhi lichaphazelwe yizinyembezi. Ngingene, ngesikhathi sasebusuku, lapho omama nobaba wayehlangene ndawonye, nabantwana babo abancane bezungezile kuyiphansi lendlu, beguqile bezungezile; nobaba nomama beguqe ngamadolo abo, bekhala futhi behkuleka. Ngangima emnyango futhi ngilinde ngilinde ngilinde. Futhi abayekanga ukukhuleka, ngangivele ngihlale phansi ezitebhisi futhi ngiqale ukukhuleka, qobo lwami, ngilindele bona, niyabo. Nalokho—lokho kwakunjalo. Futhi babethandana. Babethandana. Sasivamise ukuma futhi sicule leloculo elidala:

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaPhezulu.

Uma sehlukana,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sisajoyinene enhliziyeweni,
Futhi sithembra ukubonana futhi.

⁹⁸ Ngisho lokhu ngokujabula okukhulu enhliziyeweni yami, kuKristu. Abanigi babo balele ngapha nangapha kulamathuna amakiwe kulobibusuku, belindele lokho kuvuka okukhulu lapho esiyobonana khona ndawonye futhi.

⁹⁹ Ningawuvumeli lowomoya uke uze usuke kulendawo! Uma uke uze ukwenze, khona-ke angikhathali ukuthi umelusi wenu angahle abe yingcweti yokukhulumha kanjani, ukuthi angahle alilethe kahle kanjani iZwi likaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu uydabuka usuke. Niyabo? Uma singaba nazozonke izinto enhlanganyelweni, ngokuhlanganyela, futhi sithandana, khona-ke uNkulunkulu uyosebenza nathi.

¹⁰⁰ Futhi sigcina isikhathi, ukuba abantu bafike badlule futhi bathi, “Uma ufunu ukubona ibandla elizithobe ngempela, ibandla elimthanda ngempela uNkulunkulu, thana gqi enhla lapho kulelotabernakele kanye bese ubabhekisisa. Ubuke ukunakekela abanakho komunye nomunye, inhlonipho; uma iVangeli lishunyayelwa, ukuthi kuhlonishwa kanjani, ukuthi yonke into ihleleke kanjani nje.” Yebo, khona-ke bangabuka futhi babone ukuthi sikhathi sini esiphila kuso. Niyobona uMoya kaNkulunkulu uhamba phakathi kwenu, izibonakaliso ezinkulu nezimanga nezinto ziyobe zenzeka. Uma into isebenza ndawonye, isho isikhathi. Kodwa uma ingasebenzi, khona-ke isikhathi simile, ngeke issasisho isikhathi. Ngakho uma sifuna ukwazi ukuthi sikhathi sini esiphila kuso, nje akuqale wonke umuntu esezenza ndawonye eVangelini, bethandana, bethanda uNkulunkulu, nezinti qobo lwalo ziyoisho isikhathi esiphila kuso. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Amen. INKosi inibusise, kakhulu impela.

¹⁰¹ Ningakkohlw manje, qoqanani kuleliviki. Futhi uma nazi noma yibaphi abahle, abantu abagulayo ongenayo, nibatsheli, uma befika, nithi, “Mthandekayo, ngifuna ukukubuza. Sinomkhuleko wabagulayo, ngeSonto ekuseni, ngale etabernakele. Futhi sekunesikhashana ugula, manje ngifuna . . .”

“Awu, ngifuna ukuhamba. Bengahlala njalo ngikufuna ukuhamba.”

¹⁰² “Manje, ngezwa nje umlayezo ngeSonto ebusuku, kumzalwane lapho, ukuthi sifanele siwavume kanjani amaphutha ethu komunye nomunye, futhi sikhulekelane, ukuze siphiliswe. UJakobe 5:14, 13, 14, 15, niyabo, ukuthi sifanele sivume amaphutha ethu komunye nomunye ngaphambi kokuba ngisho sizele ukuphiliswa. Ya. Sivume amaphutha ethu komunye nomunye, futhi sikhulekelane.” Niyabo? Niyabo, yilokho impela nje abekhuluma ngakho kulobubusuku, kubuyisela izinhlanhla ngoMarku 16. Kuhlanganise lokho thaqa, usunakho, khona-ke ukuphilisa okuningi kuyenzeka.

¹⁰³ Bukani uJesu, lutho kodwa inyanda eyodwa yothando. Niyabo? WayenguNkulunkulu obonakalisiwego. Yena, uNkulunkulu, Wazizwakalisa ngaYe, akumangalisi izimangaliso nezinto zenzeka. Impilo yaKhe ezithobile, nempilo ehlukaniselwe; ukuba eze esuka ekubeni nguNkulunkulu, ukuba abe ngumuntu lapha emhlabeni, ukuzwakalisa uNkulunkulu ngaYe uqobo. Yilokho okwaMenza wabayilokho Ayeyikho. Bengahlale njalo ngithi, “Okwenza uJesu abenguNkulunkulu, kimi, kwakuyindlela Azithoba ngayo Yena uqobo. Wayemkhulu kakhulu, futhi nokho wayekwazi ukubamncane kakhulu.” Niyabo? Kunjalo.

¹⁰⁴ INKosi inibusise kahle ngempela. Manje asisukume, futhi elokusikhipha. Asizame lelo nje, (ungahle ungalazi, dade), lelo,

Libusisiwe IGoda EliBophayo. Asicule lelo kanye, nizolicula na? Sinike indlela.

Libusisiwe igoda elibopha
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
Injengalokho ngaPhezulu.

¹⁰⁵ Manje sisacula lelivesi lokugcina, asibambane ngezandla, “uma sehlukana,” futhi nje sithi, “UNkulunkulu akubusise, mflowethu, dade. Ngijabula kakhulu ukuba lapha nawe kulobubusuku.” Niyabo, into enjengaleyo, bese-ke niphendukela emuva-ke. Manje asilicule.

Uma sehlukana . . .

UNkulunkulu akubusise, Mflowethu Neville.

Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sijoyinene enhliziyweni,
Futhi sithemba ukubonana futhi.

¹⁰⁶ Siyithanda kangaka iNkosi uJesu! Asiyyithandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kanjani . . .

Size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size
sibonane!)
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Asivale amehlo ethu, futhi nje sicule lelo eMoyeni manje.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹⁰⁷ Manje njengoba amakhanda ethu ekhotheme. Singabantwana nje, abantwana bakaNkulunkulu. Asilihamshe. [UMflowethu Branham nebandla baqala ukuhamisha, *UNkulunkulu Abe Nani*—Umhl.] O, lokho kuwuletha kanje uMoya kaNkulunkulu kithi! Naningathini nje ezinsukwini zase kuqaleni ngenkathi behlala ezixwexweni zedwala na?

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹⁰⁸ Amakhanda ethu ekhotheme, ngizocela ukuthi ngabe uMflowethu Allen emuva lapho, umzalwane omusha phakathi kwethu, uma ezosikhipha ngezwi lomkhuleko. Mflowethu Allen.



ZITHOBE ZUL63-0714E
(Humble Thyself)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Julayi 14, ngo 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org